ISHELEJUBA HOSPITAL WITNESS

January/March

Volume 1, Issue 2

Inside this issue:

| | |
|---|---|
| Isiphambano esibomvu | 1 |
| Umnikelo waseBritain Health Group. | 2 |
| Ukufika kwe Toy Story. | 2 |
| Abaqhashiwe. | 3 |
| Ukufika kuka Ngqongqoshe wezeMpilo. | 3 |
| Ezemidlalo. | 4 |

"Extraordinary people were once ordinary people who chose to do extraordinary ".

# Inhlangano yesiphambano esibomvu ( Red Cross) ifika esibhedlela Itshelejuba



**Red cross doctors: Rinus Grons,Umsha Chetty, Trish GIOSS AND Karshen Pillay.**

Ngale kokuthi isibhedlela Itshelejuba sakhiwe endaweni eyizintaba eseNyakatho nendawo yaKwaZulu Natali, kodwa ochwepheshe be Red Cross Air Mercy Services bakwazile ukufika kulesisibhedlela esisesifundeni sase Zululand.

Labo chwepheshe abasebenza njengamavolontiya emiphakathini yaKwaZulu Natali bafika esibhedlela Itshelejuba mhlaka 21 January 2005. Inhloso enkulu yokwenza lokhu bekungukusiza labo abadinga usizo kwezamehlo (Optometric), abanenkinga yamathambo (Orthopeadics) , abagula ngengqondo (Psychiatric) , kanye nabadinga ukuzivocavoca (Physiotherapy).

Abantu bafika ngobuningi babo ukuqinisekisa ukuthi izinkinga zabo ziyaxazululeka.Umsebenzi waqala ngokushesha ngoba oDokotela babephokophele ukuqinisekisa ukuthi akekho umuntu ophindela ekhaya engazange asizakale.

Labo dokotela babegcwele yonke indawo lapho kunabantu ababalinde khona. Babehlinzeka ngemisebenzi eyahlukene, kukhona abadinga ukuzivocavoca, abanezinkinga zamathambo,kuyakulabo abanezinkinga zokubona.

Ngaphezu kwalokho, uNks MP Ndlovu oyi Physiotherapist khona esibhedlela Itshelejuba waqinisekisa ukuthi uyaba khona ngalolusuku ukuze asize ozakwabo abaphuma enhlanganweni yesiphambano esibomvu.

Yize noma zazingeziningi kakhulu iziguli ezazizele ukuzivocavoca, kepha labo abambalwa abafika baluthola usizo. UNks P. Nyawo oyi Occupational Therapist kulesibhedlela naye waba khona ngalelilanga ukuzosiza labo abaqondene nezinkinga zamathambo.

Umnyango oqondene nokusiza abanenkinga yokubona ( Optometric section ) Yilona elaligcwele kakhulu futhi linemigqa emide. Odokotela bamehlo ( Optometrists ) bakwazi ukubona iziguli ezingamashumi amathathu nesikhombisa ( 37 ).

Lapho kunesidingo khona abanye banikezwa nezibuko zamehlo. Unks E. Mpye wayesebenza kakhulu ukuqinisekisa ukuthi yonke into ihamba kahle. Ngaphezu kwalokho, odokotela babona iziguli ezingamashumi amane nane ( 44 ) ezazinenkinga yemilenze futhi bazinika izicathulo eziyisipesheli. Ukusebenza ngokuhlanganyela okuphakathi kwe S.A. Red Cross Servises kanye noMnyango wezeMpilo KwaZulu Natali kwaqala eminyakeni engamashumi amabili nanhlanu (25 years) eyedlule.

# ISIBHEDLELA ITSHELEJUBA SITHOLA UMNIKELO OPHUMA EBRITANI

Inkampani yaphesheya kwezilwandle ebizwa ngokuthi I-Britain Health Group yaba ngundabamlonyeni emva kokuba inikele ngomshini wokugcina izingane ezizalwe ngaphambi kwesikhathi (incubator) esibhedlela Itshelejuba .

Unkk K.R. Dlamini oyi Equipment Officer kulesi sibhedlela uqinisekisile ukuthi le incubator yamukelwa yisibhedlela ngasekupheleni kuka Disemba ngonyaka odlule. Ngaphambi kokuba wamukelwe lo mshini waqala waya eMnyangweni owaziwa ngokuthi I-Health Techology Unit (HTU) okuyiwona oqinisekisa ukuthi yonke imishini yasezibhedlela iyahlolwa ukuze iqinisekiswe ukuthi ikulungele ukuba isetshenziswe kubantu. Kwinkulumo esibe nayo neMeneja yewadi yezingane (Peadiatric Ward) uNkk J.V. Dlamini, uthe le incubator bazoyisebenzisela izingane ezizalwe ngaphambi kwesikhathi kanye nokwenza I-photo theraphy ezinganeni.



UNks F. Mhlongo ebambe I-Incubator .

Ngaphezu kwalokho , lokhu kusho ukuthi ziningi izimpilo zezingane ezizosinda futhi izothuthuka kakhulu indlela okuhlinzekelwa ngayo usizo emiphakathini

"Never look down upon someone else, the only time you can look down upon them is when you are picking them up"

# I– TOY STORY IVAKASHELE ESIBHEDLELA

Ukhisimusi okuyisikhathi sokuphana singadlula kepha , lokhu akubavimbelanga abantwana abesesibhedlela Itshelejuba ewadini lezingane , ukuba bathole ithuba lokuthola izipho ezingamatoyizi.

Lomcimbi wawungo mhlaka 21 Januwari 2005 wenziwa yisiteshi somsakazo oseThekwini I-East Coast Radio. Lomsakazo usuqale umkhankaso wokunikeza amathoyizi izingane ezintulayo ezisezibhedlela ezisendaweni yaKwaZulu Natali.

Lomkhankaso wenziwa yizinhlangano ezehlukene ngokuhlanganyela , okubandakanya kuzo I-Gift for Givers, Durban Deliveries, Independent Newspapers Lions kanye ne Rotary Club .

Ithimba le East Coast Radio alikwazanga ukufika esibhedlela ukuzozifezela lomsebenzi, kodwa lacela odokotela be S.A. Red Cross Air Mercy Services (AMS) ababezofika esibhedlela Itshelejuba ukuba babenzele lomsebenzi egameni labo Udokotela uTrish Gloss odume kakhulu kwa AMS wakwenza kwaba umsebenzi wakhe ukunika izingane amathoyizi ephelezelwa uMnu Sthabiso Ngwenya oyi PRO yalesi sibhedlela kanye no Nkk S.E. Mdlalose ongumsizi weMenenja yabahlengikazi.

Kwajabulisa kakhulu ngesikhathi ithimba selinika izingane amathoyi. Ukumamatheka kanye nenjabulo yikona okwakugqame kakhulu ebusweni balezi zingane ezigulayo seziphethe amathoyizi ezandleni zazo. Empeleni amathoyizi ayekhishwa ngokobulili, izingane zabafana zathola izimoto kanti amantombazane wona ethola odoli o-teddy bear.



Injabulo yayibhalwe ebusweni kulezingane

Sithanda ukudlulisa ukubonga kwethu okukhulu kwabomsakazo i-East Coast Radio "The Home Of The Hits"ngomsebenzi wabo omuhle abawenzele izingane. Ngokubona ukumamatheka ebusweni bezingane wawungacabanga ukuthi sezisindile ekuguleni kwazo. Ezinye izingane azikwazanga ukuhlanganyela ngesikhathi zidlala kamnandi ngaphandle kwegumbi lazo ngoba zingakwazi ukuhamba ezinye zisencane kakhulu , kodwa zahlala emibhedeni ziphethe amathoyizi azo ezandleni.


# ABAQHASHIWE



MR. M.C. Mthembu Stores Unit Manager



MS. M.P .Ndlovu Physio Theraphist



Dr. P Naidoo , Dentist



MR L. Nkosi
Senior Pharmacist.

## Ukuhambela KukaNgqongqoshe WezeMpilo KwaZulu-Natali Esibhedlela Itshelejuba oPhongolo.

Ukuhambela kukaNgqongqoshe wezeMpilo Kwazulu-Natali uNkk. P. Nkonyeni esibhedlela Itshelejuba kwaletha elikhulu isasasa nenjabulo kubasebenzi besibhedlela kanye neziguli. Ungqongqoshe kanye nethimba lakhe wamukelwa okwendlovukazi nangezandla ezifudumele ngabaphathi besibhedlela. Amakhosi endawo akushayela elikhulu ihlombe ukufika kukaNgqongqoshe kulesisikhungo. Ngaphandle kokuthi isimo sezulu sasingesihle kodwa akumvimbelanga uNgqongqoshe ukuhambela emagunjini abagulayo e Medical , Surgical ,Peaditric , Martenity ward , Gateway clinic, and to Outpatient Department.



*UNGQNGQOSHE , UMPHATHI WESIBHEDLELA KANYE NODOKOTELA BUTHELEZI BELIBHEKISE EMEDICAL WARD.*

**"Praying power , believing, loving , forgiving , healing powers are the power that GOD give us every night and day."**



*UNKK P. NKONYENI , NKK.D.T MEMELA UMPHATHI WESIFUNDA SASEZULULAND (DISTRICT 26), UMPHATHI WODOKOTELA ESIBHEDLELA ITSHELEJUBA KANYE NOMPHATHI WESIBHEDLELA UNKK. M.O. SIMELANE BEVAKASHELE EGUMBINI LABANTWANA.*

# EZEMIDLALO

ITSHELEJUBA HOSPITAL
PRIVATE BAG X 0047
PONGOLA
3170

TEL:034 4131542/3
FAX: 034 4132545

## Sihlangene ukwenza inhloso eyodwa efanayo

Ukuhlangana kuhlale kungukhiye ikakhulukazi uma abantu benhlangene ukufeza inhloso eyodwa. Iqembu lebhola lasesibhedlela Itshelejuba ngelinye lamaqembu ahlonishwayo esifundeni 26. Lokhu sikubone emva kokuba abanye babadlali bethu bebhola lezinyawo bakhethwa ukuba bamele isifunda 26 emincintiswanweni yemidlalo eyayiseThekwini ngonyaka edlule.

UXolani Zondo kanye no Mthunzi bakhethwa ukuba badlale lapho izifunda zazincintisana khona ngasinye ngasinye. UZondo odlala kahle kakhulu wakwazi ukudlala yonke imidlalo ngaphandle kokuba akhishwe. Ngesikhathi somcimbi wokuhlonishwa ngezindondo owawenzelwe esibhedlela Itshelejuba ngonyaka odlule wathola indondo yokuba ngumdlali ovelele esibhedlela. *Siyakubongela mfowethu!*

Ngaphezu kwalokho, iqembu lebhola lezinyawo libheke ngeso elibukhali njengoba unyaka uqala, futhi liyethemba ukuthi kusazoba neminye imincintiswano eminingi ezayo. Unyaka odlule awuzange ube muhle maqondana nendlela iqembu lethu elidlale ngayo njengoba singakwazanga ukuthola neyodwa inkomishi, kodwa kolonyaka silindela izimanga ngapha ekhaya.

Sinesiqiniseko sokuthi lo nyaka uzoba muhle njengoba iqembu lethu belishintsha shintsha ukuze liqinisekise ukuthi sikhiqiza imiphumela elindelekile. Kuyasithokozisa ukwazi ukuthi bonke abadlali bethu bangonyaka odlule babuyile futhi yonke into ihamba kahle.

Yize noma kunjalo, asikwazi ukukhohlwa ukukhuluma ngeqembu lethu lebhola lezandla labesifazane nalo elamela isikhungo sethu emincintiswaneni eyayiseNcotshane ngonyaka odlule. Sisalindele lukhulu kinina.

Izoqala ngelikhulu isasa imidlalo ka District 26 ezukuba kwaCeza Hospital mhla zingu 5 Mashi 2005. Lapho kuzobe kuzinkani zababali phakathi kweBenedictine Hospital kanye ne Itshelejuba Hospital ngehora lesishiyagololunye ekuseni. Lomdlalo uzokhumbuza abaningi lapho lezizimbangi zisanda kuhlangana, kwagcina ngokuthi kunqobe I-Benedictine.

Ukushuba kwalomdlalo kudalwa ukuthi zombili lezizibhedlela zinabadlali abadlala ibhola elisezingeni eliphezulu okwenza zingawuvali imilomo izibukeli.Okhulumela isibhedlela Itshelejuba uSthabiso Ngwenya ukubekekwacaca emhlanganweni obuse District ukuthi bazowunqoba umdlalo wabo neBenedictine okuzokwenza kubelula ukudlulela kumzuliswano olandelayo., esho nokuthi bazothi bedlala ne Vryheid Hospital bebesebenawo amaphuzu amathathu.

Izicoco sizobuya nazo zonke kwazise abesifazane bethu badlala kahle kakhulu kulandela ukunqoba kwawo yonke imidlalo esasinayo ngonyaka ofile oPhongolo Sugar Mill Sports Ground, baphinda bamenywa ukuyomela I –District oLundi lapho balalakhona isithathu ngemuva kokwehlulwa nguMnyango wezeMfundo.

Nakuba singenazo izingwazi ezintsha kodwa sizimisele ukusebenzisa abadlali bethu abaziwayo nakulonyaka. Umyalezo wethu kuzozonke izibhedlela esizobe sidlala nazo ngesokuthi , "mabazibambe ziqine."



***THE GREEN MAMBA BOYZ OF ITSHELEJUBA HOSPITAL***
**BACK ROW: SBONISO, THABO,LESLEY, RONNIE , S'THABISO, KANYE NO THAMI.**
**FRONT ROW: XOLANE, DUMI, MANDLA, KHETHA, KANYE NOSKHUMBUZO.**



***THE HAPPY LION'S OF ITSHELEJUBA HOSPITAL***

**NETBALL**
***On the picture:* Nomagugu, Ntombenhle, Zibuyile , Ntokozo ,Zonke, Nokuthula kanye Noncamisile**



